



ZULU - "Only one way to God"

# INYE KUPHELA INDLELA EYA KUNKULUNKULU




"Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila, akukho umntu oza kubaba uma engezi ngami. *John 14:6*. Ziningi izindlela abantu abazithola kothishela benkolo yamanga kulezinsuku zenkathazo okungathi kumbe ekugcineni bafinyelele kuNkulunkulu. Kuzo zonke iziphithiphithi kuyathokozisa ukuzwa uMsindisi omangalisayo iNkosi uJesu Kristu ethi: "Mina ngiyindlela."

Uma sake sabakhona isikhathi lapho sidinga khona ukumlalela lowo "Okungekho okhuluma njengaye," kungathi sekuyiso isikhathi. Kumbe akekho ongaphika ukuthi sisesikhathini esihlupha kakhulu esingazange sibekhona ezweni, kepha lapho uJesu eqala nje ukuphumisela lamazwi amangalisayo, kwakuyisikhathi senkathazo Kwakunezindaba eziningi zasendulo kanye nenkolo eyayifundiswa, kepha iqiniso lalilincane kabi. UJesu wathi kubaFarisi (Iqembu elikholwayo) "Bangikhonza ngeze bafundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu." *Math. 15:9*.

Akungabazeki ukuthi baningi kulomhlaba ophithizelayo namuhla abafana no Tomas babuza umbuzo "Singayazi kanjani indlela?" Kumbe ababuzi ngokuzwakalayo, kepha noma kunjalo

umbuzo ukhona kwezininingi izinhliziyo zabakhathazekile. Into engiyaziyo ukuthi nakweyami inhliziyo nasemqondweni wawukhona lombuzo, kepha ngiyambonga uNkulunkulu ngoba awusekho manje ngoba nxa uJesu ethi "Mina ngiyindlela," lokho kunganele mina.

Kusukela ekudukeni kwabantu ngo Adamu, abantu yilokhu benza imizamo yokubuyela kuNkulunkulu. Abanye bayophika nokuthi abantu bake beduka. Bathi uma umntwana ezalwa emhlabeni vele usehlanzekile kudingeka nje kuphela ukuba umyeke enjalo. Bayaqhubeka ngemizamo yabo eyize ukwenza lokho. Bacabanga ukuthi uma bengabasa esontweni babafundise impela bese kuthi nxa sebeneminyaka ethile babemukele njengamalunga eBandla, emuva kwesikhathi iNkosi iyobayisa eZulwini. Kanjaloke sizwa eningi inkulumo mayelana nokufundisa abantu abasha kodwa asizwa lutho kakhulu ngesidingo sabantu abasha ukuba bazalwe ngokusha.

Ngempela, kuyimvelo ukuba umuntu acabange ukuthi angezenzela yena indlela yokubuyela kuNkulunkulu. Uma uAdamu nomkakhe bona ensimini yase Edeni, baxakeka kakhulu bezama ukuzembesa befihla ubuze babo. Babaleka kuNkulunkulu bazifihla phakathi kwemithi yensimu, esonile uAdamu endaweni yokuba afune iNkosi okuyona one kuyo, wayibalekela. Yayiyinye kuphela indlela ka Adamu yokuba abuyiselwe kuNkulunkulu enziwe afanele ukuma ebusweni bakhe. UNkulunkulu wathatha isinyathelo sokuqala, njengenhlala yenza, wabheka wabiza uAdamu wamthola ecashile phakathi kwemithi "UJehova uNkulunkulu wenza izingubo ngezikhumba wabagqokisa" *Gen. 3:21*. Qaphela ukuthi iNkosi iyona eyafunayo, yafumana, yembathisa. Wabafuna, wabalungisela izingubo, wabembesa. Kulokho sibona amalungiselelo kaNkulunkulu awenzela isoni esinecala esilusizi esifanelwe isihogo.

UJesu Kristu uyiWundlu likaNkulunkulu. Uyena esamlungiselwa nguNkulunkulu. NguNkulunkulu owathuma yena ezweni. NguNkulunkulu owalethwesa ngezono zethu (ayi inxenye yazo, kodwa zonke) leliWundlu lakhe. "Impela wazithwala izinhlupheko zethu, waphatha nokudabuka kwethu: nokho besithi uhlushiwe, eshaywa uNkulunkulu ehlupheka. Kodwa walinyazwa ngenxa yezono zethu, wahlushelwa ububi bethu, umvimbo wokuthula kwethu wawuphezu kwakhe: nangemidwa yakhe sipholisiwe thina. Thina sonke sedukile njengezimvu sahamba ngezindlela zethu sonke: uJehova wamethwesa ngezono zethu. *Isaya 53:4-6.*

Sike sizwe kuthiwa ngoAdamu abantu beduka, kodwa ngoKristu babuya, kepha uma singase sibhekisise kahle umbhalo uthi: "Ngokuba naye uKristu wahlupheka kanye ngezono olungileyo wahluphekela abangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, wabulawa enyameni, waphiliswa emoyeni. *I Petro 3:18.*

Impela inye indlela eya kuNkulunkulu leyondlela akusilo uhla lwemithetho nemiyalo kodwa umuntu omuhle kabi ophilayo owavela eZulwini, wazalwa ngoMoya Oingcwele. Waphila impilo engenasono, ngisho nalabo ababemzonda kakhulu, behluleka ukufumana icala kuyena. Ngisho noJudas owamnikelayo wavuma ukuthi unikele igazi elingenacala. *Math. 27:4*. Ngakhoke sibona ukuthi ongenasono wahluphekela abanecala, waletha icala kuNkulunkulu, umnika ukuma okuhle no Nkulunkulu.

"Impela abantu bonke bayize besekhona" *Amahubo 39:5*. Leli iqiniso elikhulu elingenakuphikwa elisezwini likaNkulunkulu. Ukulunga kwethu nakho konke esizenzela khona akusizi lutho, akufunayo kithi ukubona isidingo esimdinga ngaso kanye namandla akhe asindisayo.

Abantu abaphilayo abayidingi inyanga, kunjaloke nakulabo abazilungele ngokwabo, bacabanga ukuthi abamdingi uMsindisi, kodwa uNkulunkulu wathi: "Ukulunga kwethu kufana neziziba ezingcolileyo. *Isaya 64:6*. Kudinga into engcono kunezeziziba ezingcolileyo ukusenza sifanele ukuma phambi kukaNkulunkulu. Kudinga ukulunga okuphelele ukuze sifinyelele kuKristu. "Kepha nina ngaye nikuKristu uJesu, owenzelwa thina nguNkulunkulu ukuhlakanipha, nokulunga, nobungcwele nokukhululwa. *I Korinte 1:30*." Ngokuba ongakwaziyo ukona wamenza ukona ngathi, ukuba (labo abakholwa nguye) benziwe ngaye ukulunga kuka Nkulunkulu. *2 Korinte 5:21*. Izono zethu zima phakathi kwethu noNkulunkulu. Kepha uJesu Kristu wazihlawulela zonke ngomzimba wakhe emthini lapho enelisa khona uNkulunkulu ngenxa yezono zethu, uhlala ingunaphakade ngalokho unamandla impela okubasindisa abezayo kuNkulunkulu ngaye. *Heberu 7:25*.

"UJesu ungufakazi oyisiminya" *Isambulo 1:5*. Wethembise ukuthi ozayo kuye akayikumlahla. *John 6:37*. Ukuza kuye kusho nje ukuphenduka empilweni yakho eyonakele, ukucela uNkulunkulu akuthethelele akuhlanze egazini lakhe eliyigugu, ukufalathela izwe nezintokozo zalo. Ukunikela impilo yakho ngokuphelele kuNkulunkulu nokumphilela. Uma sewuyamukele iNkosi nentethelelo yayo iyokunika ukuthula kwayo kanye nenjabulo awusenakuzilambela izinto zalelizwe.

Empeleni inye kuphela indlela eya kuNkulunkulu, Mfundi, ake uzwe iNkosi uJesu Kristu ethi: "Mina ngiyindlela." Guqa phansi manje ukhulume naye umtshele ngempilo yakho, mtshele ukuthi udabukile, mcele akuthethelele abe nesihe kuwena soni, akuhlanze ngegazi lakhe eliyigugu, akwenze umtanakhe akunike ukuphila okuphakade. Wethembisa ukukwenza lokho, ngakho mkholwe ube neqiniso enhliziyweni yakho ukuthi ukuzwile nokuthi umsebenzi sewenziwe. Hamba ungabe usona, uma ubona ukuthi ubuthakathaka, cela iNkosi uJesu akuqinise akunike ukuba unqobe isono. Zimisele uvalelise ezintweni zalelizwe, uzofumana

ukuthi akayikukunika ukuthula nokuthokoza kuphela elingekunike khona izwe, kepha uyothola okukhulu ukwenama ekumkhonzeni uNkulunkulu kangangokuthi awukubanasizungu sezinto zalomhlaba. Ngoba izinto zalelizwe ezesikhashana, zibuye zidlule, kodwa okunikwa nguNkulunkulu kungunaphakade.

Manje phendukela kuye oyiNdlela neQiniso nokuphila.

## UMKHOHLISI

Usathane wakhohlisa uAdamu no Eva ngokubatshela amanga endaweni yeqiniso Wabanika ongeyikho okwakhe, wabanika ukudabuka endaweni yentokozo, ukufa endaweni yokuphila.

## UKULUNGA KWENKOHLISO

Usathane uyokunika ukulunga okungeyikho, izingubo ezingcolile zokulunga kwakho endaweni yokulunga kukaJesu esikuthola ngokukholwa kuJesu Kristu izingubo ezimhlophe njengeqhwa zokulunga kuka Jesu ezihlanzwe egazini leWundlu awukuzithola ngoba zitholwa kuphela ngokuphenduka okuphelele nokukholwa kuKristu.

## UKUTHULA KWENKOHLISO

Usathane uyokunika ukuthula okungeyikho, ngokukutshela ukuthi bonke abantu bangabakaNkulunkulu bangabantwana bakhe baya eZulwini. UJesu wathi kubaFarisi: "Nina ningabakayihlo usathane nithanda ukwenza ukufisa kukayihlo. *John 8:44*. UJohane uMpostoli ubhala "Owenzayo ukona ungokasathane ngokuba usathane wona nasekuqaleni Indodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu ukuze ichithe imisebenzi kasatane. Yena ozelwe uNkulunkulu akenzi ukona ngokuba imbewu yakhe (UJesu neZwi) ihlala kuye; angone ngokuba ezelwe uNkulunkulu. Kuyabonakaliswa abantwana bakaNkulunkulu nabantwana bakasathane ngalokhu ongenziyo ukulunga kasiye okaNkulunkulu, naye ongamthandiyo umzalwane wakhe. *I Johane 3:8-10*.

Singaba abantwana bakaNkulunkulu ngokuzalwa busha. Labo abamemukelayo wabanika amandla ukuba babe abantwana bakaNkulunkulu labo abakholwa egameni lakhe, ababengazalwa igazi, nentando yenyama, nentando yendoda, kodwa bazalwa uNkulunkulu. Uma umuntu engazalwa ngokwaphezulu **angewubone** umbuso kaNkulunkulu Lokhu okuzelwe ngenyama kuyinyama, nalokhu okuzelwe ngomoya kungumoya. *Johane 1:11-13, 3:1-8*. Usathane ukutshela ukuthi asikho isihogo, akekho uNkulunkulu, akukho ukwahlulelwa nokuvuka. UMoya Oingcwele, umoya weqiniso ukukhombisa izono zakho akukhombise futhi uJesu umthwali wazo izono. IWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.

## UKUTHOKOZA KWENKOHLISO

Usathane uzama ukukunika intokozo engesiyo. Ukunika inkanuko yenyama, Kepha, lezizinto azisoze zenelisa isifiso somphefumulo wakho. Utshwala abunakuqeda ukoma komphefumulo wakho. Akukho muntu ongaqeda lokho. UJesu wathi kowesifazane emthonjeni waseSamaria: "Wabunamadoda amahlanu le onayo kalokhu asiyo indoda yakho; "Kepha uJesu wamnika amanzi ayezoqeda konke ukoma kwakhe. UJesu ungumthombo wokuphila. Uma siphuza amanzi asinika wona ayakuba phakathi kwethu umthombo wamanzi aphuphumayo kube ukuphila okuphakade. Ningakhohliswa intokozo eyize kasathane egcina ekudabukeni kwaphakade esihogweni.

## UKUKHANYA KWENKOHLISO

Usathane uqhamuka ngokukhanya kwenkohliso. Uthanda ukuvela njengengilosi yokukhanya. Engakawi wayeyingilosi enhle kakhulu, kodwa manje akaseyiyo. Uthanda ukuveza isono sibe



into ekhangayo nenhle kakhulu, ukuze akulinge, akubambe, kepha ukukhanya kwakhe kungokwenkohliso okukhanya ebusuku kuphela, uma eqhamuka uJesu iLanga lokulunga, konke ukukhanya kukasathane konyamalala. Ekukhanyeni kukaNkulunkulu ungabona ukuthi kubi kanjani lokhu okuthiwa inkazimulo kasathane.

## INDLELA YENKOHLISO

Usathane uzama ukukuhola ngendlela engesiyo. Inye kuphela indlela eya eZulwini uJesu wathi: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila." Usathane ukutshela ukuthi unendlela engcono, umgwaqo obanzi ohambaabaningi, kepha akakukhombisi isiphetho salowomgwaqo oya esihogweni. "Ikhona indlela elungileyo ebusweni bomuntu, kepha ukukhawula kwayo kuyizindlela zokufa." "Indlela yesiwula ilungile emehlweni aso." *Izaga 14:12, 12:15* no *28*. Ekuhambeni kokulunga kukhona ukuphila.

## UMCEBO WENKOHLISO

Umcebo ongahle uwunikwe usathane, umcebo wamanga. Isicebi sakhohliseka, ngoba sesifile saya esihogweni. Kanjalo noJuda wakhohliswa izinhlamvu zemali isiliva ezingamashumi amathathu. Walahla uJesu, ngokulahlekelwa uJesu walahlekelwa nangukuphila okuphakade, ukuthula okuphakade, ukuthokoza okuphakade, umcebo ongunaphakade, walahlekelwa impilo yakhe, isikhundla sakhe siphakeme nemali yakhe. Usathane ukunika itshe endaweni yesinkwa, ufezela endaweni yeqanda, nenyoka endaweni yenhlanzi. KuJesu sinomcebo ongunaphakade ongasoze waphela.

Kuningi okungashiwo kodwa lokhu kwenele ukukuxwayisa ukuba ulandele umelusi weqiniso okwathi ingenxa yakho wanikela ngempilo yakhe. Landela ukukhanya kwempela okunguJesu. Yamukela uMoya oingcwele, yiba igatsha levini impela. Lalela kuJesu uMprofethi woqobo ayi abaprofethi baka sathane. Fulathela izithixo zakho. (O-Tixo bamanga) ukhonze uNkulunkulu weqiniso.

Yiba umkhonzi weqiniso ukhonze uNkulunkulu ngomoya nangeqiniso. UJesu uyisnkwa seqiniso esanelisayo futhi esinika ukuphila okuphakade. "Ningakhohliswa uNkulunkulu akahlekwa, ngokuba lokhu umuntu akuhlwanyelayo wokuvuna."

Ungabe usavumela ukukhohliswa usathane kepha landela uJesu Kristu owathi: "Mina ngiyindlela, neqiniso. nokuphila."

---

The popular "Heart Book" with its soul-saving message is obtainable in over 500 languages. Many have found salvation even just by looking at the pictures.

Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

**E-MAIL: info@angp.co.za**
**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**
**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**
(A Gospel Literature Mission financed by donations)
(Reg. No. 1961/001798/08)